Isifundo 4

**October 20–26*

Isihluthulelo Sobunye

ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:
Efes. 1:3–14; Gal. 4:7; Efes. 2:11–22; 4:1–6, 11; Mat. 20:25–28; Efes. 5:15–6:9.

Indimana Yekhanda:
"Esazisile imfihlakalo yentando yakhe njengokuzibonela kwakhe azimisela khona ngaphambili, kuze kube yihlelo lokuphelela kwezikhathi lokuba kuhlanganiselwe ndawonye kuKristu konke okusezulwini nokusemhlabeni" (Efesu 1:9, 10, NKJV).

IEfesu yayisizinda esibalulekile somnotho kanye nethonya e-Asia Minor. Ibandla lapho, eEfesu, lalinamaJuda, Abezizwe, kanye nabantu bamazinga onke empilo. Lobu bulungu obunabantu abahluke kakhulu kusenokuba babusengcupheni njalo yokuxabana njengezwe ababephila kulo; okungukuthi, uma kwakungekona ngenxa kaKristu kanye nobunye ababenabo Kuye njengamalungu omzimba kaKristu. Ngalokho, umthwalo kaPawule ngobunye phakathi kwabalandeli bakaKristu uyindikimba enkulu yencwadi yakhe kwabaseEfesu. Umqondo kaPawule wobunye unezigaba ezimbili: ubunye ebandleni, lapho amaJuda naBezizwe behlanganiswa emzimbeni kaKristu; kanye nobunye ezweni lonke jikelele, lapho zonke izinto ezulwini nasemhlabeni ziba munye kuKristu.

Umthombo walobubunye nguKristu. Isisho sikaPawule esithi 'kuKristu" noma "noKristu" sisetshenziwe izikhathi eziningi kulencwadi ukuze aveze lokho uNkulunkulu asifezele kona kanye nezwe lonke ngempilo, ukufa, kanye nokuvuka kukaJesu Kristu. Inhloso enkulu kaNkulunkulu ecebeni losindiso ngelokubusiyela zonke izinto ebunyeni ngoKristu. Lobubunye buyogcwaliseka ngokuphelele ekupheleni kwesikhathi.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-October 27.*

Izibusiso KuKristu

Funda abaseEfesu 1:3-14. Yini, ngokukaPawule lapha, esiyinikeziwe kuKristu na?

Kuningi abalandeli bakaJesu abangamdumisela kona uNkulunkulu. KuKristu, uNkulunkulu uqoke ukusenza amadodana namadodakazi kanye nokuba simele Yena ezweni. UPawule usebenzisa imifanekiso ukuchaza ubudlelwane bethu obusha NoNkulunkulu kuKristu. Kulemifanekiso, umfanekiso wokwenziwa umntwana walapha uchaza indikimba yalesisifundo sobunye. KuKristu, senziwe saba, futhi singabomndeni kaNkulunkulu. Lomfanekiso womndeni ubhekise futhi kwisivumelwano sikaNkulunkulu nabantwana bakwaIsraeli. Ngokwengqikithi yencwadi kaPawule, Abezizwe abamukela uJesu njengoMesiya nabo bangabantwana bakaNkulunkulu, izindlalifa zezithembiso ezenziwa kuIsrayeli (Rom. 8:17, Gal. 4:7). Inzuzo yalobududlelwane noKristu, ukuba kuKristu, buyisisekelo sabo bonke ubunye bamaKristu. Futhi lesisahluko sisitshela ukuthi bekuyisifiso sikaNkulunkulu sonke isikhathi sokubuyisela sonke isintu ebunyeni kuKristu. Futhi, emndenini kaNkulunkulu, ukwazi uJesu akunikezi izinga elikhethekile: sonke singabantwana bakaNkulunkulu, sithandwa sonke ngokulinganayo.

Abanye bayadideka lapho, kulesisahluko, sifunda ngokukwenziwa ngaphambilini (Efes. 1:5, 11). Isithembiso sokuthi uNkulunkulu usikhethile ukuba sisindiswe sibonakala engathi sisho ukuthi uNkulunkulu ukhethe abanye ukuba balahlwe. Kodwa akuyona imfundiso yeBhayibheli. Kunalokho, uNkulunkulu walungisa icebo losindiso ngaphambi kokuba kusekwe izwe ukuze wonke umuntu asindiswe. " 'Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade' " (Johane 3:16, NKJV; buka futhi u-1 Tim. 2:6, 2 Pet. 3:9). UNkulunkulu wazi kungekenzeki ukuthi Ngobani abazokwamukela usindiso, kodwa lokho akufani nokwenzela othile isinqumo. Usindiso lunikezwe kuso sonke isintu ngenxa yalokho uKristu asenzele kona. Umbuzo yilona: Siphendula kanjani kulolubizo na? UNkulunkulu akaphoqi muntu ukuba asindiswe.

"Esigungwini sasezulwini, isihlinzeko senziwa sokuthi abantu, nakuba beyizoni, bangabhubheli ekungalalelini kwabo, kodwa, ngokukholwa kuKristu njengothathe indawo yabo kanye nesiqiniseko sabo, bakwazi ukuba ngabakhethiweyo bakaNkulunkulu, abamiselwe ukuba benziwe abantwana nguJesu Kristu Kuye ngokwentando Yakhe. UNkulunkulu ufuna ukuthi bonke abantu basindiswe; umhlinzeko owanele wenziwe, ekunikeleni ngendodana Yakhe ezelwe yodwa ukukhokha inhlawulo yokuhlenga umuntu. Labo ababhubhayo bayobhubha ngoba benqabile ukuba benziwe abantwana bakaNkulunkulu ngoKristu Jesu."— Ellen G. White Comments, *The SDA Bible Commentary,* vol. 6, p. 1114.

Ukudiliza Udonga

Okunye ukwehlukana okhululu phakathi kwabantu kubangwa wubuhlanga, ubuzwe, kanye nenkolo. Emiphakathini eminingi, izigqebhezana zomazisi zikhomba ubuhlanga noma inkolo othile akuyo, futhi lokhu kwehlukanisa kuvame ukuhmabisana namathuba noma ingcindezi abantu ababhekana nayo nsuku zonke. Kuthi lapho kuqubuka izimpi noma ukungquzulana, lezizinkomba zomasizi nokwehlukana kuvame ukuba yizoma eziphembelela ingcindezi kanye nodlame.

KwabasEfesu 2:11-22, uPawule uveza indlela engcono yomphakathi wamaKristu. Lobubunye bethu kuKristu bukuthinta kanjani ukungafani kwethu na? Yini eyabhidlizwa ngukufa kukaJesu esiphambanweni na?

UPawule umema abase Efesu ukuba bakhumbule ukuthi izimpilo zabo zazinjani ngaphambi kokuba bamukele umusa kaNkulunkulu kuKristu. Ubuhlanga, impucuko, kanye nokwehlukana ngokwezenkolo zazidala ubutha kanye nokungquzulana phaka kwabantu. Kodwa izindaba ezilungileyo ngezokuthi, kuKristu, sonke simunye sinoMsindisi neNkosi eyodwa. Sonke singabakaNkulunkulu. "But now in Christ Jesus you who once were far off have been brought near by the blood of Christ" (Eph. 2:13, NKJV).

Ithempeli lasemandulo eJerusalema lalinodonga lokwehlukanisa izigaba zethempeli ezingenwa ngamaJuda kuphela. Loludonga lwalunombhalo owawunqabela izihambi ukuba ziqhubekele phambili, hleze zibulawe. Yilomthetho uPawule ayebekwa icala lokuweqa ngenkathi engena ethempelini ngemuva kohambo lwakhe lwezovangelo. Ngenkathi uPawule eboshwa wabekwa icala lokungena esigabeni samaJuda ethempelini nomuntu wase Efesu ogama lingu-Trophimus (Zenzo 21:29). Kulencwadi uPawule ukhuluma ngokuthi uKristu "ungukuthula kwethu, owenza kokubili kwaba kunye, nowabhidliza udonga olwahlukanisayo olungubutha" (Efes. 2:14, NKJV). KuKristu, amakholwa ayinzalo kaAbrahama futhi amukela ukusokwa kwenhliziyo. Ukusokwa kwenyama uNkulunkulu akunikeza uAbrahama kwakukhomba ekusokweni kwezikamoya amakholwa ayezokwamukela kuKristu (buka uDut. 10:16). "Kuye nasokwa futhi ngokusoka okungenziwanga ngezandla ngokukhumula umzimba wezono zenyama, ngokusoka kukaKristu" (Col. 2:11, NKJV).

Funda futhi abase Efesu 2:11-22. Kungaziphi izindlela esikubona ngako ukuqiniseka kwalokho uPawule akhuluma ngako ebandleni lethu na? Yiziphi izinselelo ezisekhona na?

Ubunye Emzimbeni Owodwa

UPawule kumazwi akhe aphefumulelwe kwabase Efesu ukhuluma ngokwenzekayo. Ubunye obukhona phakathi kwamaJuda nabeZizwe, phakathi kwabantu bamasiko kanye nemvelaphi ehlukene, akuyona insumansumane noma into emane yaqanjwa; yinto ekhona efuna " ukuba sihambe ngokufanele ukubizwa esabizwa ngakho," (Efes. 4:1, NKJV).

Ngokwabase Efesu 4:1-3, iyiphi indlela amaKristu okumele ahambe ngayo efanele ubizo lwabo kuKristu na?

Umphumela ophathekayo walezizimpawu empilweni yomKristu usiza "ukugcina ubunye bukaMoya ngesibopho sokuthula" (Efes. 4:3, NKJV). Zonke lezizimpawu zigxile othandweni (1 Kor. 13:1-7). Umkhuba wokwenza kothando ulonda ubudlelwane phakathi kwabazalwane nodade futhi uthuthukisa nokuthula kanye nobunye emphakathini wamaKristu nangale kwawo. Ubunye ebandleni bubonakalisa uthando lukaNkulunkulu ngezindlela ezizodwa abanye abangazibona. Ibandla libizelwe ukuba yilobo bufakazi, ikakhulu esikhathini sokulwa, sokwehlukana, kanye nezimpi.

Funda abasEfesu 4:4-6. Iyiphi indikimba ebucayi kulezizindimana ezintathu na?

Ezindimaneni zokuqala zalesisahluko, uPawule wethula ukuthatheka kwakhe okujulile ngobunye bebandla. Uqala ngokubizela ebunyeni (Efes. 4:1-3) futhi alandelise ngohla lwezinto eziyisikhombisa ezihlanganisa amakholwa (Efes. 4:4-6). Ubunye buyinto amakholwa anayo (Efes. 4:4-6), into okumele isetshenzelwe njalo futhi ilondwe (Efes. 4:1-3), futhi into engumgomo esiphokophele kuwo (efes. 4:13). "Umpostoli unxusa abazalwane ukuba babonakalise ezimpilweni zabo amandla eqiniso ayelethule kubo. Ngobumnene kanye nokuthamba, ngokubekezela kanye nothando, kwakumele babeyisibonelo sesimilo sikaKristu kanye nezibusiso sensindiso Yakhe. Munye umzimba, munye uMoya, yinye iNkosi, lunye ukholo. Njengamalungu omzimba kaKristu onke amakholwa aqhutshwa ngumoya ofanayo kanye nethemba elilodwa. Ukwehlukana ebandleni kujivaza inkolo kaKrsitu ngaphambi kwezwe futhi kunikeza ithuba ezitheni zeqiniso ukuqinisa izenzo zazo. Imiyalezo kaPawule yayingabhalelwanga ibandla lezikhathi zakhe kuphela. UNkulunkulu wahlela ukuba zifike nakithina. Yini esiyenzayo ukulonda ubunye kwizibopho zokuthula na?"—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 239.

Yikuphi ukukhetha ongakwenza njengamanje ukuze uqiniseke ngokuthi uhamba ngendlela "efanele ubizo owabizwa ngalo" na?

Abaholi BeBandla kanye Nobunye

"Kepha yilowo nalowo kithina uphiwe umusa ngokwesilinganiso sesipho sikaKristu" (Efes. 4:7, NKJV). Nakuba usindiso luyisipho esinikezwe kubo bonke abantu abazosamukela, ezinye izipho zikamoya zinikezwe kwabathile ngenhloso ekhethekileyo.

Funda abase Efesu 4:11. Zipho zini zobuholi uNkulunkulu azinikeza ibandla na?

Ngokwabase Efesu 4:12, yini inhloso kaNkulunkulu ekunikezeni izipho ezikhethekile zobuholi ebandleni na? Lezizipho zihlobene kanjani na?

Ngamqondo-thile, onke amaKrsitu angabefundisi kanye nezisebenzi zikaNkulunkulu nevangeli. Ukuthuma kukaKristu kuMathewu 28:19, 20 kubhekiswe kuwo onke amaKristu ukuba ahambe, enze abafundi zonke izizwe, abhabhathize, futhi afundise. Umsebenzi wobufundisi awunikeziwe idlanzana labakhethiweyo, njengabefundisi kanye/noma abavangeli, kepha kubo bonke abazibiza ngoKristu. Akekho ongathi yena akabaliwe kulomsebenzi wokusabalalisa ivangeli, futhi akekho umholi webandla ongathi lokhu kuyilungelo lakhe yedwa. Izipho zikamoya zobuholi zinikezelwe ukuba zondle ibandla. Abaholi bebandla badingeka ukuba baqinise, bathuthukise, futhi bakhuthaze ubunye. Uhla lukaPawule lwezipho zobuholi lusitshela ukuthi lezizindima zihlomisa abantu bakaNkulunkulu ukuba bafinyelele kwabalahlekileyo. Kungumthwalo wabathile ababizwe ngokukhethekileyo ebandleni ukuba basize abanye bafeze umsebenzi kanye nenkonzo yabo ngoKristu, kanye nokondla umzimba kaKristu, "size sifinyelele sonke ebunyeni bokukholwa nasekwazini iNdodana kaNkulunkulu, ebudodeni obupheleleyo, esilinganisweni sobukhulu sokugcwala kukaKristu" (Efes. 4:13, NKJV). Isibonelo sendlela kaJesu yokuhola kumele sihole indlela esisebenza ngayo. UJesu wezela ukusebenzela abanye hhayi ukuba asetshenzelwe (Mat. 20:25–28); nathi kumele sihambe siyokwenza ngokunjalo. Kunomkhuba oqinile phakathi kwesintu wokuzimela futhi singaphenduli kumuntu. Umphakathi wasentshonalanga, ikakhulu, uhlaselwe yilomkhuba. UPawule usikhumbuza, nokho, ngokuthi akekho umKristu oyedwa kulomhlaba futhi siyingxenye yomphakathi wokukholwa nabaholi kwezikamoya ukusilekelela ukuba sikhuthazane omunye nomunye ohambeni lwethu olufananyo. Sonke, ngokuhlanganyela, siyingxenye yomzimba kaKristu.

Yiziphi izipho zikamoya onazo, futhi uzisebenzisa kanjani ebunyeni bebandla okulo na?

Ubudlelwane Besintu KuKristu

UbuKristu yinkolo yobudlelwane: ubudlelwane noNkulunkulu kanye nomunye, nomunye. Akwenzi mqondo ukubanga ubudlelwane obujulile NoNkulunkulu ngaphandle kokuthi lobobudlelwane bube nomthelela kubudlelwane othile anabo nabanye abantu. UbuKristu ngeke baphilwa esikhaleni. Izimiso zobunye uPawule akhuluma ngazo Encwadini yakhe kwabase Efesu zithinta futhi indlela esiba nobudlelwane ngayo nabanye abantu.

Funda abasEfesu 5:15-21. Yini uPawule ayisho lapha kithi kundimana 21 na? Yini ubudlelwane phakathi kokuzinikela kanye nobunye na?

Umyalelo kaPawule wokuzinekela komunye nomunye uxhumene nomusho "wokugcwaliswa ngumoya" kwabasEfesu 5:18. Esinye sezibonakaliso zokugcwaliswa nguMoya ngukuzinikela komunye nomunye. Lokhu kubhekiswe kumoya ofanelekile wokuzithoba kanye nowokucabangelana okumele sibenawo ngakwabanye abantu. Nembala, lokhu akulona uphawu lwemvelo lwabantu abaningi kodwa kungumphumela wokuhlala kukaMoya ezinhliziyweni zethu. Kuyisipho sikaMoya, oyisibopho sobunye kuKristu. Kubukwa ngenye indlela, ukuzinikela wuphawu olusuka ngaphakathi olubonisa ukuhlonipha kwethu uKristu kanye nomhlatshelo Wakhe ngathi.

Funda abase Efesu 5:22-6:9. Lokhu kuzinikela kwethu komunye nomunye kuba nomthelela onjani ekhaya kanye nasemsebenzini walowo okholwa kuKristu na?

Ngandlela thile, ubunye ebandleni buncike ebunyeni ekhaya. UPawule ugcizelela ukuthi ubunye, uthando, kanye nenhlonipho okumele kubekhona phakathi komyeni nomkakhe kumele kubu yisibonelo sothando lukaKristu ngebandla, uthando lukuzinikela. Ngalokho, inhlonipho efana nekaKristu ekhaya kanye nasebandleni idingeka kubayeni nakumakhosikazi kanye namalungu ebandla. Loluphawu lobuKristu futhi kumele lubonkaliswe kubudlelwane phakathi kwabantwana nabazali kanye naphakathi kwabasebenzi kanye nabaqashi (izigqila namakhosi). Loluhlobo lokuzwana kanye nokuthula okumele kwande emakhaya kumele kungene kwande empilweni yebandla, ngokunjalo.

Yiziphi izimiso ongazithathela zona kulezizindimana zanamuhla ezingakusiza ukuba uqonde kangcono indlela okumele uziphathe ngayo (ngokwesimo okuso) ngokubhekise kwilungu lomndeni wakho noma nalowo osebenza kanye naye na?

Cabanga Kabanzi:

Ellen G. White, "The Spirit of Unity," pp. 179–188, in *Testimonies for the Church*, vol. 9.
"UKristu wayengabandlululi ngokobuzwe noma isikhundla noma ngokwemfundiso. Ababhali kanye nabaFarisi babefisa ukuthi zonke izipho kanye nezjnzuzo zezulu kube ngezesizwe futhi nezendawo kuphela zingafaki wonke omunye umndeni kaNkulunkulu ezweni. Kodwa uKristu weza ukuzobhidliza loludonga lokwehlukanisa. Weza ukuzobonisa ukuthi isipho Sakhe somusa kanye nothando sisabalale njengomoya, ukukhanya, noma imvula evuselela umhlaba. "Impilo kaKristu yasungula inkolo lapho kungekho mazinga, inkolo ngayo umJuda kanye noWezizwe, okhululekile noyisigqila, bexhumene ngobuzalwane obufanayo, belingana phambi kukaNkulunkulu. Kwakungeko miqathango eyayinethonya ekwenzeni Kwakhe. Wayengahlukanisi phakathi komakhelwane kanye nezihambi, abangani kanye nezitha. Lokho okwakuthathekisa inhliziyo Yakhe kwakungumphefumulo owomele amanzi okuphila."—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 9, pp. 190, 191.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Cabanga ngalokho: "Kwisahluko sesine kwabase Efesu icebo likaNkulunkulu lembulwe ngokusobala ukuthi bonke abantwana Bakhe bangafinyelela eqinisweni. Lapha izindlela aziqokile Yena zokugcina ubunye bebandla Lakhe, ukuthi amalungu alo angabonisa ezweni amava anempilo okukholwa, kumemezelwe ngokucacileyo."—Ellen G. White Comments, *The SDA Bible Commentary*, vol. 6, p. 1117. Yini oyibona kwabasEfesu 4 ekhomba kubunye bebandla na? Yini ongayenza ukuqinisekisa lobubunye na?

2. Kumongo wombuzo wobunye yisidingo sokuzithoba kanye nokuzinikela. Ngaphandle kwalezizimpawu, ubunye bebungaba khona kanjani ebandleni na? Uma sizigqaja, siqinisekile ngemibono yethu, futhi singazimisele ukulalela abanye, ayikho indlela yokubamunye. Singakufunda kanjani lokhu kuzithoba kanye nokuzinikela na?

3. Singaba kanjani nobunye nalapho singavumelani khona ngasosonke isikhathi na?

Kafushane:

Encwadini yakhe kwabasEfesu, uPawule unikeza izelulko eziningi mayelana nokuthi kusho ukuthini kumaKristu ukuba "kuKrsitu." Usindiso kuJesu luguqula izimpilo zethu ngezindlela eziphathekayo. Bonke ubudlelwane besintu, kanye nobudlelwane phakathi kwabazalwane nodade ebandleni, buguqulwa ngamandla kaKristu ezimpilweni zethu. Futhi lenguquko isemqoka ekutheni sibe munye.